















Ukuzalwa KukaJesu

Indaba evela eZwini likaNkulunkulu, iBhayibheli,

itholakala ku

Mathewu 1-2, Luka 1-2

"Ukungena Kwamazwi Akho kunikeza ukukhanya."
IHubo 119:130

23

Ibhalwe ngu: Edward Hughes
Kufanekiselwa ngu: M. Maillot; Alastair Paterson
Kuhunyushwe ngu: www.christian-translation.com
Kushintshwe ngu: E. Frischbutter; Sarah S.

Indaba 36 kwangu-60

**M1914.org**

**Bible for Children, PO Box 3, Winnipeg MB R3C 2G1 Canada**

Ilayisensi: Unelungelo lokukopisha noma ukuphrinta le ndaba, inqobo nje uma ungayidayisi.

UNkulunkulu uyazi ukuthi senze izinto ezimbi, azibiza ngesono. Isijeziso sesono ukufa.

UNkulunkulu usithanda kakhulu waze wathumela iNdodana yakhe, uJesu, ukuthi izofela esiphambanweni futhi ikhokhe inhlawulo yethu. UJesu wafika ephila waphindela eZulwini! Manje uNkulunkulu usengazithethelela izono zethu.

Uma ufuna ukuphenduka ezonweni zakho, yisho lokhu kuNkulunkulu: Nkulunkulu othandekayo, ngiyakholwa ukuthi uJesu wangifela futhi manje uyaphila futhi. Ngicela ungene empilweni yami ungithethelele izono zami, ukuze ngibe nempilo entsha manje, bese ngiba naWe ingunaphakade. Ngisize ngiphilele Wena njengomntwana Wakho. Amen. Johane 3:16

Funda iBhayibheli futhi ukhulume noNkulunkulu nsuku zonke!

Bisa







“Kungenzeka kanjani lokhu?” Kubuza intombazane emangele. “Angikaze ngibe nendoda.” Ingelosi yatshela uMariya ukuthi umntwana uzovela kuNkulunkulu. Ubengeke abe khona ubaba ongumuntu.
3
Ingelosi yabe isitshela uMariya ukuthi umzala wakhe u-Elisabethe wayenomntwana lapho esegugile. Lokhu kwakuyisimangaliso, futhi. Ngokushesha ngemva, uMariya wavakashela. Badumisa uNkulunkulu kanyekanye.
4
UMariya wayethembisene umshado nendoda okuthiwa uJosefa. UJosefa wadabuka lapho ezwa ukuthi uMariya wayekhulelwe. Wayecabanga ukuthi enye indoda ngubaba.
5
Ephusheni, ingelosi kaNkulunkulu yatshela uJosefa ukuthi lo mntwana uyiNdodana kaNkulunkulu. UJosefa kwakufanele asize uMariya anakekele uJesu.
6
UJosefa wayemethemba futhi emlalela uNkulunkulu. Wathobela nemithetho yezwe lakhe. Ngenxa yomthetho omusha, yena noMariya bahamba baya edolobheni lakubo,
ukuze bayokhokha izintela.
7
UMariya wayesekulungele ukuba nomntwana. Kodwa uJosefa akazange alithole igumbi. Zonke izindlu zokulala zazigcwele.
8
Ekugcineni uJosefa wasithola isitebele. Lapho, uMntwana uJesu wazalelwa khona. Unina wamlalisa emkhombeni, indawo okwakuvame ukubekwa kuyo ukudla kwezilwane.
9
Eduze kwabelusi babegada imihlambi yabo elele. Kwavela ingelosi kaNkulunkulu yabatshela lezi zindaba ezinhle.
10
“Nizalelwe namuhla emzini kaDavide uMsindisi onguKristu iNkosi. Nizakufumana umntwana elele emkhombeni.”
11
Kusenjalo, kwavela izingelosi eziningi ezikhanyayo, zidumisa uNkulunkulu, zithi:
12
“Udumo kuNkulunkulu kweliPhezukonke nokuthula emhlabeni, kubantu abathakazelelwayo.”
13
Baphuthume esibayeni abelusi. Ngemva kokubona uMntwana batshela wonke umuntu abahlangana nabo lokho okwashiwo yizingelosi ngoJesu.
14
Ngemva kwezinsuku ezingamashumi amane, uJosefa noMariya baletha uJesu ethempelini eJerusalema. Lapho indoda egama layo linguSimeyoni yadumisa, kuyilapho u-Ana omdala, enye inceku yeNkosi, wabonga.
15
Bobabili babazi ukuthi uJesu uyiNdodana kaNkulunkulu, uMsindisi othenjisiwe. UJosefa wanikela ngezinyoni ezimbili. Lona kwakuwumnikelo umthetho kaNkulunkulu balethe lapho beletha umntwana osanda kuzalwa kuJehova.
16
Ngemva kwesikhathi esithile, inkanyezi ekhethekile yahola iZazi zisuka ezweni
laseMpumalanga zaya eJerusalema. “Uphi Lowo Ozelwe eyiNkosi yabaJuda na? babuza.” “Sifuna ukuMkhonza.”
17
Inkosi uHerodi yezwa ngezazi. Ekhathazekile, wabacela ukuthi bamtshele uma sebemtholile uJesu. “Nami ngifuna ukumkhonza” kusho uHerodi. Kodwa wayeqamba amanga. UHerode wayefuna ukubulala uJesu.
18